Uhulumeni uzokhokha izigidi ukuthenga isibhedlela iSt Mary's nendawo yaso

MHLENGI SHANGASE

SIZOKHOKHELWA uR142 million iminyaka emithathu isibhedlela iSt Mary's kanye nendawo esakhiwe kuyona eMariannhill, ngasePinetown.

Lokhu kuvezwe nguNggongqoshe wezemiSebenzi yoMphakathi, uMnuz Ravi Pillay, ethula isabelo sezimali esingaphezulu kukaR1.5 billion salo mnyango esiShayamthetho.

Uhulumeni wafaka lesi sibhedlela esasiphethwe amaRoma ngaphansi kwakhe.

UPillay uchaze nangezinye izindawo esezingaphansi kukahulumeni okubalwa eSikhaleni ethathwe kwi-United National Breweries SA.

"Le ndawo eseSikhawini ibiza uR800 000 kodwa bafaka isimangalo, isibhaliswe ngaphansi kukahulumeni wesifundazwe, Inamahhovisi oMnyango wezeNhlalakahle yoMphakathi.

"Isibhedlela iSt Mary's nendawo engu-10 wama-hectare, izingxoxo phakathi kwabanikazi okuyiMissionary Sisters of the Precious Blood seziphothulwe. Sizokhokha uR142 million iminyaka emithathu," kusho uPillay.

Uthe bazibekele ukuthi bahlinzeke ngemisebenzi engu-6 000 ngaphansi kohlelo i-Expanded Public Works Programme.

Uqhube wathi ngenyaka wezimali odlule ibengu-6 134 imisebenzi edalekile, Engu-5 244 yayo kube yintsha, kwathi abesifazane nabaphila nokukhubazeka baba ngu-81 abathole itoho.

Ubalule nezikhungo lapho bethuthukisa khona ingqalasizinda okubalwa kuzo nesibhedlela iNgwelezane, njengoba kwakhiwa iwadi elinemibhede engu-192 okudle uR202 million.

"Ukulungiswa kwesibhedlela iKing Edward, eyashaywa yisichotho, kudle uR80 million. Ezinye izinhlelo zezikhungo ezingu-11 ezashaywa yisichotho ngoR123 million."

Ezinye izinhlelo ukwakhiwa kwesikole samabanga aphansi eMidlands, iMkhamba Gardens, ukwakhiwa kwamahhovisi oMnyango wezokuThutha eMgungundlovu ngoR33 million, ukwakhiwa kwendawo ehlala abafundi esikoleni iVulekani Special eMzimkhulu ngoR36.3 million.